
**NguMongameli**
**uThomas S. Monson**



# Uxolo, Alubenokuthula

Ngolunye usuku eminyakeni embalwa eyadlulayo, emva kokulungisa imisebenzi ehhovisini, ngezwa ugqozu lokuba ngihambe ngiyovakashela umfelokazi osekhulile owayeyisiguli endaweni eyisenta yabadala eSalt Lake City. Ngashayela ngqo ngiya lapho.

Ngesikhathi ngingena egumbini lakhe lokulala, ngalithola lingenamuntu. Ngabuza owayengumsizi mayelana nokuba wayekuphi nendawo futhi ngayalelwa ukuba wayesendaweni yokuphumula. Lapho engathola lomfelokazi owayelungile evakashelwe ngudade wakhe ehambisana kanye nomngane wakhe. Sabanenxoxo eyayijabulisayo sindawonye.

Ngenkathi sikhuluma, indoda yavela kumnyango wekamelo izothatha ikhani likanamunedi kumshini odayisayo. Wangibuka  futhi wasethi, Yingani, ungu Thom Monson."

"Yebo," Ngaphendula. "Futhi wena ubukeka sengathi owakwaHemingway,"

Wavuma ukuthi yena wayenguStephen Hemingway, indodana kaAlfred Eugene Hemingway, owasebenza njengekhansela lami ngenkathi nginguBhishobhu eminyakeni eminingi eyadlulayo  futhi loyo engimbiza ngokuthi uGene. uStephen watshela mina ukuthi ubaba wakhe wayelapho kuleyondawo futhi wayeseduzane nokufa. uGene ubebiza igama lami, futhi umndeni wami wawufuna ukuxhumana kanye nami kepha babengakwazi ukuthola inombolo yami yocingo.

Ngacela uxolo masishane  futhi ngahamba kanye noStephen ukuya ekamelweni lukakhansela wami wokuqala, lapho abanye bezingane zakhe bahlanganyele khona, kanye nenkosikazi yakhe eyashona eminyakeni eminingi eyadlula. Amalungu omndeni abuka inhlangano yami kanye noStephen endaweni yokuphumula njengempenduloi evela kuBaba wethu waseZulwini kwisifiso sabo esikhulu ukuthi ngizakubona ubaba wabo ngaphambi kokuba afe kanye nokuphendula isikhalo sakhe. Ngazizwa futhi ukuthi lokhu kwakunjalo, uma uStephen azange angene ekamelweni lelo engangilivakashele ngalesosikhathi ngenza njalo, bengingeke ngazi ukuthi uGene wayelapho.

Samnikeza isibusiso. Umoya woxolo wanqoba. Saba nosuku oluhle lokuvakasha, emva kwalokho ngase ngiyahamba.

Usuku olulandelayo  ucingo lwaveza ukuthi uGene Hemingway wayeseshonile—emva nje kwemizuzu ethole isibusiso esivela kwindodana yakhe kanye nakimi.

Ngasho umthandazo othulile wokubonga kuBaba waseZulwini ngemfundiso Yakhe yokuhola, leyo eyale mina ukuba ngiyovakasha kwisentha yokunakekela

futhi yangiholela kumngane wami othandekayo uAlfred Eugene Hemingway.

Ngithanda ukucabanga ukuthi imicabango kaGene Hemingway kuleyontambama—ngenkathi sizwa Umoya ongcwele, sizibandakanya ngomkhuleko ozothile, futhi sisho isibusiso sobupristi—simemezela amazwi ashiwo eculweni "Master, the Tempest Is Raging":

*Hlala, O Msindisi Obusisekileyo!*
*Ungaphinde ungishiye ngingedwa futhi,*
*Ngenjabulo ngizakwenza itheku elibusisiwe*
*Futhi ngiphumule esihlabathini esihle.*

Ngisalithanda leloculo futhi ngibeka ubufakazi ngenduduzo eyilethayo:

*Noma intukuthelo yezulu yaphendula ulwandle.*
*Noma amadimoni noma umuntu noma kungaba yini,*
*Awekho amanzi angagwinya umkhumbi lapho kuhlala*
*iNkosi yolwandle futhi nomhlaba kanye nezulu.*
*Bonke bazakulalela ngesihle isifiso sakhe:*
*Uxolo, alubenokuthula.*[1]

Ngezinyembezi kanye nokuhlupheka, ngokusaba kanye nokudumala, ngobuhlungu kanye nokubawedwa ngenxa yokushiwa ngomthandayo, kunesiqiniseko sokuthi impilo izakuba ingunaphakade. iNkosi kanye noMsindisi wethu ubufakazi obuphilayo ukuthi lokho kunjalo.[2] Amagama Akhe embhalweni ongcwele anele: Iba nokuthula, futhi ukwazi ukuthi nginguNkulunkulu " (Psalm 46:10). Ngibeka ubufakazi ngaleliqiniso.

**AMANOTHI**

1. "Master, the Tempest Is Raging," *Amaculo,* no. 105.
2. Bona uRichard L. Evans, "So Let Us Live to Live Forever," *New Era,* July 1971, 18.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Lomyalezo ungaduduza labo abalahlekelwe yilabo ababathandayo ngokufa noma labo abathwele kanzima ngokuhlupheka. Ekungezeni kumlayezo kaMongameli uMonson, cabanga ngokwabelana ngalemibhalo engcwele elandelayo, mayelana nezidingo zalabo obafundisayo: uJobe 19:25–26; 1 AbaseKhorinthe 15:19–22; uMozaya 24:13–15; Isifundiso kanye Nezivumelwano 122:7–9. Uma ugqugquzelwa, ungabeka ubufakazi bakho ngoxolo uMsindisi akunikeze lona ekuhluphekeni kwakho.

## INTSHA

### Ngicela Upholise Inhliziyo Yami

**Ngu Kelsey LeDoux**

Ngosuku olugubha ukufa komfowethu , ngacabanga ngesikhathi sami kusukela ekufeni kwakhe. Azange ngikhumbule kuphela ubuhlungu obukhulu engabuzwa kepha kanye nezibusiso uNkulunkulu anginikeza zona.

Angizange ngizwisise ukuba abantu bangathi ukufa komuntu omthandayo kungahle kulethe izibusiso. Angizange ngizwisise ukuba ngingahle ngibe nenjabulo futhi ngibonge into leyo engizwisa ubuhlungu obukhulu. Kwakunobunye ubusuku, kepha, obashintsha kakhulu umbono wami.

Ngavuka phakathi kobusuku ngenhliziyo eyayisinda kakhulu. Ubuhlungu bebungicindezele. Ngawela phansi ngamadolo ami futhi ngakhala ngithandaza kuBaba wami waseZulwini. Kuyonke impilo yami ngafundiswa ngokuHlawulelwa kanye namandla amangazayo aphilisayo kaJesu Krestu. Ukholo lwami laqala ukulingeka. Ngangikholwa ngempela na? Ngacela uBaba wami waseZulwini ukuba apholise inhliziyo yami. Ubuhlungu bekade bubuhlungu kakhulu kimi ukuba ngikwazi ukumelana nabo ngingedwa.

Emva nje kwaba noxolo, induduzo, futhi uthando olweza kuwonke umzimba wami. Ngezwa sengathi uNkulunkulu wayegaxe izandla Zakhe kimi futhi wayengivikela kubuhlungu obukhulu ebekade ngibuzwa. Ngiyamkhumbula umfowethi namanje, kepha ngakwazi ukubona ngelinye iso. Kwakuningi engakufunda ngalesifundo.

Ngiyazi uthando kanye noxolo lweNkosi lukhona. Sidinga kuphela ukuthabatha.

## IZINGANE

### Khetha ukuba Ngothulile

UMongameli uMonson uthi ngenkathi sithulile futhi sizithobile, singezwa uxolo futhi sithole ubufakazi obuqinileyo ngoBaba wethu waseZulwini. Futhi uMoya Ongcwele ungasigqugquzela kangcono ngezindlela esingasiza abanye.

Bhala phansi noma uxoxisane kanye nabazali bakho indlela eyodwa ongathula ngayo. Bese uthatha isikhathi kuleviki ukuba uzame. Uma usuqedile, ungabhala kwijenali yakho ngemizwa kanye nogqozu oyewabanalo.

© 2013 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12.
Ukuhumsha ko *First Presidency Message, March 2013.* Zulu. 10663 783

# Ukuvuselela

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi olunengi ngalokhu, iya kuwww.reliefsociety.lds.org.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

Umprofethi wethu, uMongameli uThomas S. Monson, usigqugquzelile ukuba "sifinyelele kulabo abadinga usizo lwethu futhi sibaphakamisele endleleni ephezulu futhi endleleni engcono. Khumbula ukuthi lona ngumsebenzi weNkosi, futhi uma sesithunywe iNkosi, sivumelekile ukuba sisizwe yiNkosi.[1]

Eminyakeni eminingi eyadlulayo uLaVene Call kanye nomngane wokufundisa ngokuvakasha bavakashela omunye udade owayengasezi enkonzweni. Bangqongqoza emnyango futhi bathola umama owayesemusha embhathe ingubo yakhe yokugeza. Wayebukeka engaphilile, kepha bathole kamuva ukuthi inkinga yakhe kwakuwuphuzo oludakayo. Abothisha ngokuvakasha bahlala futhi bakhuluma kanye nomama osemusha owayehluphekile.

Emva kokuba bahambe, bathi, "Ungumntwana kaNkulunkulu. Sinomsebenzi wokuba simsize." Base bevakasha njalo. Njalo, babebona futhi bezwa ushintsho oluhle. Bacela udade ukuba azohlanganyela kwiNhlangano Yabesimame Yenkululeko. Noma wayengabaza, ekugcineni wahlanganyela njalo. Emva kokugqugquzelwa, yena kanye nomyeni wakhe kanye nendodakazi beza ebandleni. Umyeni wezwa uMoya Ongcwele. Wathi, "Ngizoyenza lokho ubhishobhu akushoyo." Manje bahlala beya njalo eBandleni futhi bahlanganisiwe ethempelini.[2]

### Kuvela Embhalweni Ongcwele

3 uNifayi 18:32; Imfundiso kanye-Nezivumelwano 84:106; 138:56

### Kuvela Emlandweni Wethu

Ukusiza labo abalahlekile ukuba babuyele evangelini likaJesu Krestu solokhu kuhlezi kuyingxenye yokuba Ngongcwele wezinsuku-Zokugcina kanye nelungu leNhlangano Yabesimame Yenkululeko. uMongameli uBrigham Young (1801–77) wathi, Make sibenozwelo komunye nomunye, . . .futhi sivumele labo abakwazi ukubona bahole abayizimpumputhe kuze kufike lapho bekwazi ukuzibonela indlela ngokwabo."[3]

uEliza R. Snow, umongameli jikelele wesibili Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko,uyabonga ngokubona imizamo yodade abase-Ogden, Utah, USA, ukuba baqinise omunye nomunye wabo. "Ngiyazi kahle kamhlophe ukuthi isivumelwano esikhulu sinikeziwe [mayelana nomsebenzi] lowo ongeke ufinyelele [kumarekhodi] ezincwadini," wakhuluma. Kepha ukubona ukuthi irekhodi lasezulwini ligciniwe lomsebenzi wabodade njengoba basiza labo izinhliziyo zabo zingafudumele, wakhuluma: "uMongameli uJoseph Smith wathi lenhlangano yahlanganiswa ukuze kusindiswe imphefumulo. . . . Enye yezincwadi igciniwe ngokholo lwakho, ubungane bakho, imisebenzi emihle yakho, kanye namazwi. . . . Ayikho into elahlwayo."[4]

**AMANOTHI**

1. uThomas S. Monson, "The Sacred Call of Service," *Liahona,* May 2005, 55, 56.
2. Incwadi ebhalelwe obomongameli jikilele beNhlangano Yabesimame Yenkululeko evela kwindodakazi kaLaVene Call.
3. uBrigham Young, kwi *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 107.
4. uEliza R. Snow, kwi *Daughters in My Kingdom,* 83.

### Ngingenzenjani?

**1.** Nginaso yini isibindi sokucela udade ongasanawo umfutho wokuya ebandleni ukuba ahlanganyele nami kwiNhlangano Yabesimame Yenkululeko na?

**2.** Odade engibanakekelayo bakhululekile yini ukuba bangakwazi ukungibuza imibuzo ngevangeli na?

© 2013 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12. Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, March 2013* Zulu. 10663 783